




Xolani Mgadi

Zazi ukuthi ungubani futhi ufunani



Isithombe: Sitholakale kwezokuxhumana "social network"

Namhlanje ngifisa silekelelane ukuze umuntu azazi ukuthi ungubani. Lena ibiza ukuthi uhlale phansi ukhulume nawe uqobo.

Ngiyaye ngibone umnikazi wesitolo ephethe ibhuku ebhala isitoko anaso aphinde abhale angenaso, kanjalo nawe udinga empilweni yakho kumele uzibuze imibuzo ethi: **Ungubani? Uzeleni emhlabeni? Ikuphi okwazi ukukwenza? Ikuphi ongakwazi ukukwenza?**

Ngokuzibuza lolu hlobo lwemibuzo uzobe uthatha isitoko sesitolo sempilo yakho.

Uzobe uvula iminyango yokuzazi ngoba uma ungazazi abantu bazokutshela ukuthi ungubani futhi bakwenzise izinto ongazidalelwanga emhlabeni.

Uma uke wakwazi ukuphendula lemibuzo engenhlala kuzoba lula ukuhlela impilo yakho, uzoba nokuthula ngaphakathi kwakho. Iqiniso lithi sidalwe nguNkulunkulu kanjalo nenjongo yempilo yethu sizoyithola kuyena. Iningi labantu

Basebenza imisebenzi ngoba ibangenisela imali kungesikho ukuthi iyonanto ababethanda ukuyenza besakhula noma banothando lwayo. Abanye bangena emabhizinisini ngoba befuna imali kepha enganalo uthando lwalolo hlobo lwebhizinisi. Umuntu osezazi ukuthi ungubani uthola into ayibizelwe emhlabeni, akagcini lapho kepha uyayithanda leyonto bese ehlala enelisekile.

Uma kungumsebenzi awujahi ukuthi kushaye isikhathi sokudla (lunch), awujahi kushaye isikhathi sokuphuma, awujabuli uma kuphele inyanga kuphela, impilo yakho ayimi ngoba usuthathe umhlalaphansi (retirement), kepha uhlala ufisa ukuwenza ncono kunayizolo umsebenzi wakho.

Ukuzazi ukuthi ungubani, uNkulunkulu ukubizeleni kunciphisa incindezi (stress), kwenza kubelula ukuthatha izinqumo ngempilo yakho..



Bezivunule ziconsisa izinsizwa nezintombi zakwazulu emcimbini we-Africa Day e-Indoor Sports Complex

Ibidle umunyu invunulo kwi Africa Day oThukela

Thabile Nxumalo

Bebevunule beconsa abantu baseMnambithi e-Indoor Sport Complex, mhlaka 25 May ukuzo bungaza usuku lokuziqhenya ngokuba abase-Afrika.

Isiqubulo salolusuku kulonyaka besithi, Sakha i-Afrika engcono kanye nomhlaba ongcono. Lomcimbi ubuhlelwe uMkhandlu wasoThukela kanti neSilo iNkosi uGoodwill Zwelithini kaBhekuzulu ubekhona naye kulomcimbi. Lolusuku lubungazwe amazwe aseAfrika jikelele kanti napheshaya abangobudabu base-Afrika. Ongowukudabuka e-Nigeria uthi "Kuhle ukuhlangana kwethu njengabantu base-Afrika, ngoba simunye ukuthi uphuma eNigeria, Namibia, South Afrika, Ghana nomaFrance simunye, kubalulekile ukwazi lokhu ukuze siqhubekele phambili", Kubeka uPeter Shisheya odabuka eNigeria ngokubaluleka kwalolusuku.

Isilo samabandla siphawule sathi "Ubunye Kubantu base-Afrika kuyo yonke imikhakha kungaphezu kwakho konke," kucaphuna iSilo enkulumeni ka-Dokotela Kwama Nkrumah owayengumongameli wase-Ghana. Isilo sibe sesibonga ukubumbana kwabantu baseMnambithi ngenkathi, abezindaba nezinhlangano ezilwelwa amalungelo obulili bahlasela umeya uCllr D.CP Mazibuko ngokunikeza izintombi nto imifundazwe ewu-16 kwewu-113 enikezwa uThukela ukusiza ukuqhubeka ngokufunda kwabantwana basendaweni. "Ukubambisana kumele kube yikho okubumba indawo yaseMnambithi njengoba ihlaselwe." Kwengeza isilo. Isilo sigxeke ukushiswa kwezindawo zomphakathi, zishiselwa ukungathokozi ngokwenziwa uhulumeni.

Inqubeko FM ithuthukise amakhono kubafundi



Inxenye yabafundi abebefundiswa kwabanzi ngezifundo zeMedia.

Thembeke Ndlovu

Isuswe ubhici emehlweni intsha yaseMnambithi namaphethelo kulandela ukuhambela kwenhlangano ethuthukisa ezokusakaza nobuntatheli iMedia Diversity Development Agency(MDDA) emcimbini obubizwa wasoThukela Media Expo obuhlelwe umsakazo wasoThukela namaphethelo iNqubeko FM. Inhloso yalomcimbi ukufundisa abafundi ngezifundo ezahlukene ngaphansi komkhakha wezokuxhumana sikabalwa umsebenzi wakumabonakude, amaphephandaba, imisakazo kanye nokuxhumana kwi-internet. Lomcimbi ubuhanjelwe abantu abavela kwizikhungo ezahlukene sibala uMDDA, umasipala waseMnambithi, ibhange laseThala, ovela kwezokuthuthukiswa kweziteshi zomsakazo nabanye.